uKhongolose (ANC) ekudingisweni: 1983

uKhongolose ekudingisweni: ANC in exile
uBheni wakwaKhumalo: 27.02.1983
(umbiko uhunyushwa ususwa esiJalimaneni):

Sengithathé isinqumo sokujoyina uKhongolose – iAfrican National Congress (South Africa) (ANC).

Lokhu ngikwenzé emhlanganweni obuseMissionsakademie-an-der-Universitaet-Hamburg ngesihloko esithi „EzamaSonto eNingizimu Afrika kule minyaka (esikuyo) yenkulungwane namashumi ayisishiyagalombili (1980s)“ obusingethwé yinhlangano iMainzer-Arbeitskreis-Südliches-Afrika (MAKSA) kulezi zinsuku (ezedlule) kwezingamashumi amabili nanye kuya emashumini amabili nesithupha kuFebhwari kophezulu (21.-26.02.1983), lapho bengingomunye wabethula izinkulumo (isihloko sami: “Mayelana nokubaluleka komzabalazo weBlack Theology emshikashikeni okubhekenwe nawo eNingizimu Afrika namuhla”).

Bengikuqakamelele kakhulu kuze kube namuhla lokhu, ukuthi umzabalazo wokulwela inkululeko ngiwukhuthalele ngiwuthwale ngamandla onke, kodwa ngipheze ekuthatheni ikhadi lokuba yilungu lanoma yiyiphi ezinhlanganweni zomzabalazo engisebenzelana nazo. Onyakeni wesikhombisa nesigamu (7½) ngifihlé ikhanda ezweni lokuhamba, sengibona sekufanele ukuthi ngithathe isinyathelo sokusondelana ngokubonakalayo nabakwethu emzabalazweni, sibe mdibimunye ngokungenakuphazamiseka ekumelaneni nochuku nanolaka lombuso wabamhlophe wocindezelo kwelakithi, sikwazi ukusheshe siwuketule siwuchithe lombuso wabamhlophe wobumbungulu nobudlova obulwisana nentando yeningi, sidale ithuba lokuhlalisana ngoxolo nokwazisana phansi kombuso wentando yeningi kwelakithi – ikusasa elivulekele uwonke wonke!

Kungicacela ngokusobala namuhla ukuthi kubaluleké kangakanani ukuthi zonke izaba ezibhekene nothuthuva nobudlova bocindezelo lweApartheid zibumbane zibambisane ukuze elaseMzansi Afrika lihlwitheke kulobu bubi nakulolu laka

lobugebengu basePitoli obuhlosé ukucekela phansi isintu nokulwisana nokwazisana emhlabeni. Ayikho enye indlela! Kuphela-nje uma sibambisene ngokweqiniso nangokungenakungabaza siyokwazi ukubunqoba lobubudlova!

Izithukuthuku zokhokho bethu belwela ukudala uxolo nenhlalisano ngokwazisana kwabo bonke abakhé kwelakithi – le mizamo okunamuhla-nje isiqhubeké iminyaka engamashumi ayisikhombisa (70) ehlanganweni kaKhongolose (ANC) -, izoqhubeka igcine iphumelele, uma – njengoba kwenzeka muva-nje – kithina esicindezelwe nesizabalazayo kubuya emqondweni ukuthi sonqoba simunye!

Ezinyathelweni zalowo owabulawa ukuze thina siphile, kulubizo kithi maKhristu ukulwela ukuwuketula lo mbuso wobudlova ocindezela intando yeningi. Imfundiso yenkolo yenkululeko yaseNingizimu Afrika, iBlack Theology, iyasikhokhela ngokwenqubo yesivumelwano esisha, ithi, singabi ngabashumayeli nabalaleli-nje kuphela, asibe ngabenzi balo iZwi (lenkululeko esilishunyayezwayo)! Kimi-ke lokho kusho ukuthatha izinyawo ngisuka eKwazini ngiqhubekela eKwenzeni
-ngenkuthalo nangokuzimisela.

Ngazi kahle kamhlophe ukuthi le ndlela engiyithathayo ngalesi sinqumo sami iwumqansa, inameva kanti futhi inobunzima obukhulukazi; ngiyazi kodwa futhi ukuthi iyahambeka nanokuthi iqondè ekhaya - ikakhulukazi uma ubanjiswano nemikhuleko yabakwethu ingiphelekezela.

nguBheni wakwaKhumalo.

Research Unit on Liberatory Processes in Pre- and Post-Colonial Southern Africa (RULPSA)
- Convenor: Dr. Ben Khumalo-Seegelken -, "KwaMachanca", Alte Ziegelei 4,
D-26197 HUNTLOSEN, eJalimane/Deutschland, Tel/Fax: 0(0 49) - 44 87 - 75 02 85
www.benkhumalo-seegelken.de
"KwaMachanca" = "Wo die Antilope selbst am helllichten Tage angstfrei und sorglos grasen kann" / "KwaMpunz'edl'emini!"